



Cambridge IGCSE™

ISIZULU AS A SECOND LANGUAGE

0531/02

Paper 2 Listening

For examination from 2025

SPECIMEN TRANSCRIPT

Approximately 50 minutes (including 6 minutes' transfer time)



This document has **12** pages. Any blank pages are indicated.

R1 Cambridge Assessment International Education, Cambridge IGCSE IsiZulu as a Second Language, specimen Paper 2, Listening.

[BEEP]

Umsebenzi 1

Uzozwa izinkulumo eziqoshiwe eziyisishiyagalombili. Embuzweni ngamunye, faka uphawu ebhokisini elifanele – A, B, C noma D.

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

R1 Umbuzo 1

Indoda ikuphi njengamanje?

PAUSE 00'03"

M: * Ngikufonela ngoba ngizobambezeleka ukubuya ekhaya. Bengisesikoleni usuku lonke ngimaka amaphepha abafundi. Akusenani ngoba sengisendleleni, naleli bhasi lihamba kancane. Bekuzobangcono ukuba ngihambe ngesitimela okanye isitimela sasemgaqweni noma isithuthuthu okungenani. **

PAUSE 00'05"

REPEAT FROM * to **

PAUSE 00'05"

R1 Umbuzo 2

Unkosikazi usishiyephi isikhwama sakhe semali?

PAUSE 00'03"

F: * Ayibo angisitholi isikhwama sami semali!

M: Awusishiyanga kusofa ekhaya? Yima kancane, usisebenzise manje nje kade ukhokhela u-ayisikhilimu.

F: Mhlawumbe ngisiwise phansi endleleni ebesihamba kuyo. Sengathi sengiyakhumbula, ukuthi ngisibeke phansi esitolo sokudla ngesikhathi sidla isidlo sasemini.

M: Ngithemba ukuthi sisekhona. **

PAUSE 00'05"

REPEAT FROM * to **

PAUSE 00'05"

R1 Umbuzo 3

Umkhwenyana nomakoti bakhetha ukwenzani namhlanje?

PAUSE 00'03"

M: * Ufisa senzeni osukwini lwanamhlanje?

F: Ukube akubandi besingaya ukokhwela izintaba namagquma.

M: Kunganjani siye esekhasini?

F: Umbono omuhle lowo. Singazijabulisa kakhulu khona.

M: Noma siye ukogibela amahhashi?

F: Asikwenze ngelinye ilanga lokho. Kufanele siyogibela nesikebhe ngaphambili kokuthi sihambe. **

PAUSE 00'05"

REPEAT FROM * to **

PAUSE 00'05"

R1 Umbuzo 4

Bazohlanganela kuphi abangani?

PAUSE 00'03"

M: * Ungathanda siye epaki sizoshaywa umoya ngoLwesihlanu?

F: Hawu, awazi ukuthi liyalungiswa?

M: Cha, bengingazi kepha singaya nasolwandle, inkinga nje kuhlezi kugcwele abantu abaningi.

F: Kunganjani sihlangane edamini lokubhukuda ngehora leshumi? Kuyothi uma sesiqedile ukubhukuda, siye esitolo sithole okuphuzwayo.

M: Ngizokubona khona. **

PAUSE 00'05"

REPEAT FROM * to **

PAUSE 00'05"

R1 Umbuzo 5**Indoda ibiyokwenzani kudokotela izolo?**

PAUSE 00'03"

F: * Angikubonanga emsebenzini izolo?**M:** Bengiye kadokotela.**F:** Ubuphethwe yikhanda futhi!**M:** Selingcono lona nokukhwehlela sekuphelile. Kodwa kukhona engikwenzile emqolo wami.**F:** Kwenzekeni?**M:** Ngilimale kade ngisiza umngani wami ongakwazi ukuzihambela ngenxa yokuthi uphuke umlenze. **

PAUSE 00'05"

REPEAT FROM * to **

PAUSE 00'05"

R1 Umbuzo 6**Inkosikazi ifuna ukuthengani?**

PAUSE 00'03"

F: * Ngidinga izingubo engizozigqoka emcimbini kaBelinda ngenyanga ezayo.**M:** Bengicabanga ukuthi uthu ufuna ukugqoka ingubo yakho emhlophe nezicathulo ezimnyama?**F:** Yebo, kodwa ngidinga ibhantshi elisha nesikhafu, lokhu okudala akuhambisani nezicathulo zami futhi alibukeki kahle nesigqoko sami. **

PAUSE 00'05"

REPEAT FROM * to **

PAUSE 00'05"

R1 Umbuzo 7**Ubani ozokwethula inkulumo yokuqala yemikhakha yemisebenzi?**

PAUSE 00'03"

M: * Simeme abantu abaningi abazozabazokhuluma ngemisebenzi yabo, okubalwa intatheli, nomshayeli wamabhanoyi ohamba amazwe onke ngebhanoyi. Kodwa ngaphambili kwalabo bobabili sikwaze ukuthola udokotela ozoza ngesonto elizayo. Inkulumo yakhe izolandela emfishane yomdwebi. **

PAUSE 00'05"

REPEAT FROM * to **

PAUSE 00'05"

R1 Umbuzo 8**Inkosikazi yenzeni ngohambo lwayo losuku?**

PAUSE 00'03"

- F:** * Bengihlele ukuya emnyuziyemu, kodwa isimo sezulu besisihle, angifunanga ukuba sendlini. Ngicabange ukuthatha uhambo oluhleliwe lwase-Table Mountain – ngasengithola ukuthi kumele uluqashe ngaphambi kwesikhathi. Ngagcina sengiya emakethe yakhona. Ngingathanda ukubuyela khona ngizibukele izitolo. **

PAUSE 00'05"

REPEAT FROM * to **

PAUSE 00'05"

R1 Uphela lapha Umsebenzi 1. Manje dlulela kumsebenzi 2.

PAUSE 00'05"

R1 Umsebenzi 2

Uzozwa izinkulumo eziqoshiwe eziyisihlanu. Embuzweni ngamunye, faka uphawu ebhokisini elifanele – A, B noma C.

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

R1 Uzozwa uthisha enikeza imininingwane ngohambo lwekilasi lokuya epaki kaZwelonke.

Funda imibuzo 9 no 10.

PAUSE 00'15"

- M:** * Ngine mininingwane ngohambo lwakusasa oluya epaki kazwelonke. Ngaphambili kokuthi sibuke ipaki, sizogala ngokuhlanganela egumbini lokufundela, sichazelwa ukuthi kubaluleke ngani ukuvikela imvelo. Emva kwalokho, bazositshela ngokubaluleka kokuhamba ezindleleni ezifanele. Sizobuya ngakusasa, njengoba sizolala khona. Bazosinika ukudla kanye nethoshi ukuze sikwazi ukufunda ebusuku. Into ozoyidinga ingubo yokulala njengoba kubanda ebusuku. **

PAUSE 00'05"

REPEAT FROM * to **

PAUSE 00'05"

R1 Uzozwa umfana eshiya umyalezo kumakhalekhukhwini womngani wakhe mayelana nomdlalo kamabonakude.

Funda imibuzo 11 no 12.

PAUSE 00'15"

M: * Angikholwa ukuthi uphuthelwe isiqephu sokugcina izolo ebusuku. Ngeke uzisole – besimnandi njengoba kade silindele yonke indlela. Angibanga nesiqiniseko esanele sokuthi ngiqonde kahle hle ukuthi sipehele kanjani!

Ngifunde okuthile ngo-Carla Thomas. Bengingazi ukuthi ungowase Kenya. Futhi, kungathi waqala ukuqopha izinhlelo kusukela eseneminyaka engamashumi amabili. Wonke umuntu ufuna ukwazi ukuthi imuphi umsebenzi awuhlelayo, kodwa iyona yinto angeke ayiphendule! **

PAUSE 00'05"

REPEAT FROM * to **

PAUSE 00'05"

R1 Uzozwa abangani bekhuluma ngabazokwenza emva kokuphuma kwesikole.

Funda imibuzo 13 no 14.

PAUSE 00'15"

F: * Awufisi ukujoyina abanye emdlalweni webhola lezandla emva kwesikole?

M: Bengicabanga ukubukela ibhayisikobho. Unaso yini isikhathi sokuya epaki? Bengicabanga ukuthi unomsebenzi wesikole omningi ofanele uwenze!

F: Yebo, kodwa ungalinda! Woza!

M: Kade ngagcina ukudlala, kumele ngikuxwayise angidlali kahle.

F: Ukuyozijabulisa nje nabangani. Akekho owaziyo? Kungenzeka ubuyele kuleliyazinga owawukulona ngaphambili.

M: Kulungile, akusenani. **

PAUSE 00'05"

REPEAT FROM * to **

PAUSE 00'05"

R1 Uzozwa indoda ikhuluma ngosofa ewuthengile.

Funda imibuzo 15 no 16.

PAUSE 00'15"

M: * Uyasazi isitolo esisha sefenisha edolobheni? Ngifunde imibono yabathengi engemihle ngezanga lempahla kanye nendlela abaphatha ngayo abathengi. Kodwa ke ngibabheke yonke indawo osofa, ababo ibona kuphela ebengingakwazi ukubathenga ngakho-ke ngifake i-oda ku-intanethi. Bawulethile usofa izolo. Uma ngiqala ukuwubona, umbala ubukeke uhlukele, kodwa ngiwuthandile. Ngase ngibona ukuthi enye ingxenye ewumbozile ngemuva idabukile. Manje kufanele ngilinde amaviki amabili ukuze ngithole omunye. **

PAUSE 00'05"
 REPEAT FROM * to **
 PAUSE 00'05"

R1 Uzozwa abangani ababili bekhuluma ngesayithi yemidlalo yebhayisikobho.

Funda imibuzo 17 no 18.

PAUSE 00'15"

F: * Ngithole isayithi yebhayisikobho, ebizwa nge moviemagic.com

M: Uyizwe ngomuntu omaziyo?

F: Umfowethu, uthanda imidlalo yebhayisikobho kodwa akakaze ayibone. Bengizama ukuthenga izibuko zelanga ilapho ngibone khona isikhangisi sakwa-Movie Magic ngangena kusona.

M: Ngiyathanda ukufunda imibono yabantu ngemidlalo yebhayisikobho.

F: Babhala kahle. Ngiyawajabulela amavidiyo kulesayithi.

M: Maningi ahamba phambili kodwa kukhona amanye engingawathakaseli. Ngiwine ngisho amathikithi ebhayisikobho kuleyosayithi.

F: Kodwa eminye imidlalo yebhayikobho ongawina kuyona amathikithi ayimnandi.

M: Uqinisile. **

PAUSE 00'05"
 REPEAT FROM * to **
 PAUSE 00'05"

R1 Uphela lapha Umsebenzi 2. Manje dlulela kumsebenzi 3.

PAUSE 00'05"

R1 Umsebenzi 3

Uzozwa usosayensi wezempilo uMatthew Wilkins, enikeza inkulumo ngezilwane ekuthiwa izingwenya. Embuzweni ngamunye, faka uphawu ebhokisini elifanele – A, B noma C.

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

Funda imibuzo 19–26.

PAUSE 00'40"

M: * Igama lami nguMatthew Wilkins.

Ukuthatheka ngezizingwenya kwaqala eFlorida ngisengumfundi. Ngangihambele khona ukuze ngicwaninge ngezitshalo ezingajwayelekile. Kwathi ngisashutha izithombe zezitshalo ezinemibala egqamile nezinyoni eduze kwamanzi, ngaqala ukuqaphela izingwenya.

Ziyishumi nane izinhlobo zezingwenya kumazwekazi amane. Okwamanje, sengikwaze ukubona ingxenye yenani lazo lapho zihlala khona – ziyisithupha e-Afrika nase North America – neyodwa kweziningi zezinhlobo zase-Asia ese-zoo. Inhloso yami ukuzibona zonke ezisemvelweni.

Ngidinga ukushesha njengoba ezinye izinhlobo zisekhona kodwa ezinye zisengozini yokuphela. Zihlukene ngobukhulu, kodwa zonke azizwani namazinga aphantsi okushisa. Umzimba wazo awunayo indlela yokuzifudumeza.

Izingwenya zaseNile zinebala elinsundu emhlane, beseziba saphuzi esiswini, noma ke udaka luyifihla le mibala. Azijwayele ukuhlala emanzini anosawoti. Lezo ezitholakala emfuleni lapha amanzi ehamba khona zona ziphaphathekile kunezinye izinhlobo zezingwenya.

Izingwenya zidla inyama, kodwa kwesinye isikhathi zidla okunye ukudla. Izingwenya azishintshi zibuye zidle utshani, kunjalo nje, kodwa ziyakujabulela ukudla isithelo esivele emanzini, kodwa ziyawaziba amahlamvu awele phansi esuka ezihlahleni.

Izingwenya ziluma ngendlela enamandla kakhulu ezilwaneni zonke. Ulindele ukuthi ushaka omkhulu ulinganiselwa kuyo ingwenya ngokuluma, kodwa imihlathi kashaka iluma ngamandla angaphansi kwayishumi uma uqhathaniswa nawengwenya. Imihlathi yebhele yona ingaphansi izikhawu ezine kweyengwenya kanti amabhubesi wona awasondeli kwakusondela kuyo ingwenya.

Izingwenya ziyashesha kakhulu futhi ziyakwazi ukubhukuda. Umsila uzinika amandla, kodwa uma zidinga ukujika, zithembele ezinyaweni. Amakhanda azo awanyakazi ukuze zihlole okwenzeka eduze kwazo.

Izingwenya zilala ihlo elilodwa livulekile, ukuze zigade ingozi. Zijwayele ukulala zivule umlomo, lokhu zikwenzela ukuzipholisa. Kwesinye isikhathi zilala zibe zintanta emanzini. **

PAUSE 00'10"

R1 Uzophinde uyizwe le nkulumo.

REPEAT FROM * to **

PAUSE 00'10"

R1 Uphela lapho Umsebenzi 3. Manje dlulela kumsebenzi 4.

PAUSE 00'05"

R1 Umsebenzi 4

Uzozwa abantu abayisithupha bekhuluma ngamakilabhu abakuwo.

Embuzweni 27–32, khetha uphawu olulodwa kulezi ozinikiwe (A–H). Bhala uphawu olufanele (A–H) emgqeni wezimpendulo.

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

Manje funda izitatimende A–H.

PAUSE 00'30"

R1 Isikhulumi 1

M: * Ngaqala ukuya ekilabhini yomdlalo weshashalazi ezinyangeni ezinhlanu ezidlule. Bengifuna ngempela ukuthuthuka ekhonweni lami lokulingisa. Angenelisekile ukuthi sengiyifezile inhloso yami ngoba sihlanguka kanye ngesonto, ngingakujabulela ukuya kabili noma kathathu.

PAUSE 00'10"

R1 Isikhulumi 2

F: Angikwazi ukufinyelela kuzo zonke izinhlelo zekilabhu yokugwedla kulezinsuku. Ngaqala ukuya khona ngoba ngangifika endaweni ngase ngicabanga ukuthi kungaba indlela enhle yokwazi abantu abalingana nami. Ngingakhuthaza noma ubani ajoyine le kilabhu ofuna ukwenza into efanayo.

PAUSE 00'10"

R1 Isikhulumi 3

M: Bengisekilabhini yokuthwebula yesikole isikhathi eside. Sibukela umdlalo othisha bethu abawukhethile. Kulungile lokho kodwa ngihlezi ngicabanga ukuthi kungajabulisa ukukhuluma ngawo umdlalo uma usuphelile, senze nocwaningo lokuthi wenziwa kanjani. Kepha ke angikabinazo izinhlelo zokuyeka ukuya khona okwamanje.

PAUSE 00'10"

R1 Isikhulumi 4

F: Ngiya ekilabhini yomdlalo wezobuchwepheshe njalo ngempelasonto. Kumnandi. Empeleni uma ngingayanga isonto elilodwa, angiphatheki kahle. Senza into eyodwa, sidlala – imidlalo – okuyinto abantu abaningi okungenzeka ukuthi abayithokozeli kodwa mina iyangisebenzela.

PAUSE 00'10"

R1 Isikhulumi 5

M: Ikilabhu yokutshuza engikuyona iyamangaza. Iningi labangani bami nalo lingamalunga kusukela ngaqala ukukhuluma ngobuhle bayo. Angikuthokozeli ukuhlanganyela edamini. Ngiyathanda ukubona impilo yasolwandle, angiziboni ngiyeka ukuya kule kilabhu.

PAUSE 00'10"

R1 Isikhulumi 6

F: Kade ngawathanda amahhashi ingakho ngiwagibela njalo ngeviki ekilabhini yangakithi. Amanye amalunga anamahhashi awo, ingakho esethuthukise amakhono awo ngokushesha. Kungakuhle ukubona ubuso obusha lapha ikakhulukazi abantu abalingana nami ukuze ngenze ubungani nabo. **

PAUSE 00'10"

R1 Uzophinde uzizwe lezi zikhulumi eziyisithupha.

REPEAT FROM * to **
PAUSE 00'10"

R1 Uphela lapha Umsebenzi 4. Manje dlulela kumsebenzi 5.

PAUSE 00'05"

R1 Umsebenzi 5

Uzozwa inkulumo mpendulwano nowesifazane osiza abantu abaswele ukudla. Embuzweni ngamunye, faka uphawu ebhokisini elifanele – A, B noma C.

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

Funda imibuzo 33–40.

PAUSE 00'45"

M: * Gabisile, kungabe abantu abeza lapha basuka edolobheni?

F: Ngingathi iningi labantu abafikayo abakhona lapha endaweni. Yize abanye abantu bevela kwezinye izigodi kanye noma kabili ngeviki. Izolo ngikhulume nomndeni ohamba amahora amathathu ukuba lapha, lokho akujwayelekile.

M: Uke ubenazo izinkinga njengoba ubhekana nabantu abaningi kangaka?

F: Lutho. Kwesinye isikhathi abantu bayacikeka uma belambile noma kubanezikhalazo zabantu abangenelela kolayini kodwa akubi inkinga enkulu. Empeleni, abantu bathokozi swa ukuthi bazothola ukudla futhi kumele balindele ithuba labo.

M: Ngitshele ngabantu abeza lapha.

F: Abaningi banezinkinga zezimali – abanye abanawo amakhaya, abanye abasebenzi, abanye abaphilile kahle, nezinye izinkinga ezahlukahlukene. Angibuzi okuningi kodwa ngiyohlala ngilalela uma umuntu efuna ukukhuluma.

M: Ukutholaphi lokudla onikela ngakho?

F: Umphakathi wenza okusemandleni ukuqoqa imali yokusiza ekhishini. Nomakhelwane bami abanengadi yezitshalo eziluhlaza banginikeza lokhu abanakho. Kodwa ukuze ngilivule zonke izinsuku ikhishi, ngidinga izimpahla nsuku zonke, sengize ngenza konke okusemandleni ukuthola ukudla osekuzodlulelwa isikhathi kumasuphamakethe amakhulu.

M: Ngizwa kuthiwa ubuxoxisana nabaphathi bezitolo zokudla. Benikhuluma ngani empeleni?

F: Ngike ngaxoxisana nabaphathi bezitolo zokudla abambalwa ngifuna izeluleko ngokuphatha ikhishi lami. Angikukholwanga engakubona laphaya! Abasebenzi belahla ukudla okusengasebenza emgqonyeni. Kwangenza ngaphatheka kabi lokhu emva kokuchitha usuku nabantu abalambile beme kulayini belinde ukudla ekhishini lami. Ngasengikhumbula ukuthi kunemithetho yezempilo nokuphepha ekumele ngiyibhekelele kodwa manje ngizama ukuthola indlela ephephile yokusebenzisa ukudla okusalile.

M: Yikuphi okubhekayo kubantu abangamavolontiya?

F: Sesifunde okuningi ngokuphekela iningi nokusebenzisa lokho esinakho esandleni! Kodwa ngifuna amanye amavolontiya azocwecwa izithelo eziluhlaza nokugovuza isobho kuya ekuwasheni amapani kanye nokukhuculula phansi.

M: Usenawo umsebenzi okukhokhelayo?

F: Cha. Ngangisebenzela inkampani yezobuchwepheshe edolobheni, nomphathi owayengadinwa. Kodwa nganginganelisekile futhi ngangifuna umsebenzi ozokwenza umehluko ezimpilweni zabantu. Ngezwa ngabantu abaxakekile ukuzondla. Ngabeka isitofu egalaji likamngani wami ngiphekela abantu ukudla kwamahhala ngeMigqibelo nangamaSonto.

M: Umndeni wakho ucabangani ngesinqumo owasithatha sokuqala ikhishi?

F: Babengenaso isiqiniseko salokhu ekuqaleni futhi bazama ukungiyekisa. Ngangiqonda ukuthi kungani – bangikhathalele! Kodwa bayabona ukuthi linganelisa kangakanani – ikakhulu njengoba sengisebenzisa indawo enkulu lapho ngikwazi ukuphakela abantu abaningi ukudla. **

PAUSE 00'10"

R1 Uzophinde uyizwe lenkulumo.

REPEAT FROM * to **
PAUSE 00'10"

R1 Uphela lapha Umsebenzi 5.

Unemizuzu esiyithupha ukubhala noma ukukopisha izimpendulo ephepheni lezimpendulo elihlukile. Ngizokukhumbuza uma sekusele umzuzu owodwa.

PAUSE 05'00"

R1 Usalelwe umzuzu owodwa.

PAUSE 01'00"

R1 This is the end of the examination.

Permission to reproduce items where third-party owned material protected by copyright is included has been sought and cleared where possible. Every reasonable effort has been made by the publisher (Cambridge University Press & Assessment) to trace copyright holders, but if any items requiring clearance have unwittingly been included, the publisher will be pleased to make amends at the earliest possible opportunity.

Cambridge Assessment International Education is part of Cambridge University Press & Assessment. Cambridge University Press & Assessment is a department of the University of Cambridge.